Ilanga lase Natal, 24 October 1919.

NEWSPAPER: *Ilanga lase Natal*
DATE: 24 October 1919, p3.

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

CONTENTS:
The testimony of Magema Magwaza at the trial of Langalibalele – challenging Mahoiza statement, using statements by those who had accompanied Mahoiza when he went to summon Langalibalele.

## AmaHlubi

(NGU M. M. FUZE)

Wapendula kulawo uSobantu wati "Nalo inxusa lakomkulu libotshwe kambe uma liqamb' amanga?" Siya lapo nje kukona ukupikisana okunjalo emakosini.

Safika-ke enkantolo enkulu yabantu endhlini kwakubutene amakosi nezinduna. Engisabakumbulayo abaelapo endhlini, nguNdhlokolo kaNkungu inkosi yamaNgcolosi, noNondenisa kaMabhangwini inkosi yasemaTulini, noMafingo induna yaseMdhloti, noFunwayo kaMpopomo inkosi yakwaLutuli, noManxele kaMzilwa induna yasenkantolo enkulu yabantu, nabanye nje abaningi engingasabakumbuli. Ukuqala kwatiwa mangisuke ngihlale pakati nayo indhlu, onke amakosi nezinduna bangikaka, ngahlala pakati. Kwase kufika futhi uAttorney-General Gallwey, amakosi aba matatu – uSomtseu noSobantu noAttorney General, noMahoiza wabe ekona.

Ngawafunda-ke amazwi kaNomfihlela (naye ekona endhlini), ngabuye ngafunda awaka Ndabezimbi (kodwa engeko yena,) ngawafunda ngawaqeda. Kwabuzwa-ke kuNomfihlela ukuti ngawake uqobo yini law'amazwi asencwadini ka Magema na? Wawavuma onke uNomfihlela wati ngawake. Kwafunwa uNdabezimbi. Kako. Kwase kutiwa makulande umntwana wenkosi yasemaKabeleni uGayede owabe ehamba kunye noMahoiza. Walanda wavumela uNomfihlela. Zatukutela impela ezinye izinduna sezibona ukuti kanti uMahoiza uqamb'amanga odwa, unxanele ukuba kubulawe uLangalibalele ngamanga. Amazwi engangiwalobe encwadini yami abe eti:- uMahoiza wati uba afike emaHlutshini wapatwa kahle kanye nehele ayehamba nalo, wangenisa emzini womnumzane wasemaHlutshini, uMavukesapela, lapa kwatunyelwa ukudhla kona, wahlatshiswa nenkomo, ngezwi lenkosi. Kute mdhla sebeya emzini owabe uhlezi inkosi, izulu lalipendule, lilibi, kumakaza futi; uMahoiza wabe egqoke ibhulukwe neyembe kanye nenolubhantshi nebhantshi kanye nejazi ngapezulu. Bate uba bafike emzini wake ePangweni, lapo uLangalibalele abe ehlezi kona, uMahoiza wacela ukuba abone inkosi akulume nayo ayilandise akutunywe nguHulumeni ebhekene nayo uqobo. Kepa amaHlubi apendula ati kona pandhle, "Kuhle utshele tina konke loko okutunywe nguHulumeni, siye kumtshela tina." Wala ukukuluma uMahoiza, wapikelela ukungena endhlini enkosini akulume nayo. Anqaba impela amaHlubi, abuza ati, "Ugodhleni

wena, Mahoiza, ezingutsheni zako lapa”” Wapendula wati kagodhle luto. Apikelela amaHlubi ati, “Uma ungagodhle luto kumula ijazi leli nebhantshi kusale pandhle anduba uye endhlini enkosini” Nembala ngaloko uMahoiza walikumula ijazi nebhantshi – kwasala emzimbeni wake ibhulukwe neyembe nenolubhantshi. Wangena-ke endhlini wakuluma nenkosi.

Anjalo-ke amazwi abulele aqedela izwe lasemaHlutshini. Kute-ke lapa emGungudhlovu, ecaleni, uLangalibalele wakuveza wakubeka obala loko kwesaba kwake ukuba uMahoiza angene egqoke epelele kanye nejazi lake uma eyakukuluma naye endhlini, wati wabe esaba kanye nabantu bake ukuti uMahoiza upete isibhamu asigodhlileyo, njengaleso esasipetwe ngu Mr. John mdhla edubula uMatshana. Kusobala ukuti uMahoiza wakuluma loku, etanda ukwenezelela icala lika Langalibalele; wakuluma waze weqisa ngokuti wahlutshuliswa izingubo zake emzimbeni, wanquniswa impela, wahlala ase isidindili nje.
(Isaqutshwa)